Downloaded from Stanmorephysics.com

**IMIYALELO KWABAHLOLWAYO**

1. Fundisisa kahle le miyalelo ngaphambi kokuba uphendule imibuzo.

2. Ungayifundi yonke imibuzo ekuleli phepha. Bheka OKUQUKETHWE ekhasini elilandelayo bese umaka izinombolo zemibuzo yezincwadi ozifundile kulo nyaka. Ngemuva kwalokho funda le mibuzo bese ukhetha imibuzo ezincwadini EZIMBILI ozophendula ngazo.

3. Leli phepha LINEZIQEPHU EZINE:

| | | |
|---|---|---|
| ISIQEPHU A: | Inoveli | (35) |
| ISIQEPHU B: | Umdlalo | (35) |
| ISIQEPHU C: | Izindaba ezimfishane | (35) |
| ISIQEPHU D: | Izinkondlo | (35) |

4. Phendula imibuzo EMIBILI kuphela, umbuzo OWODWA ESIQESHINI NGASINYE.

   ISIQEPHU A: INOVELI
   Phendula umbuzo ngenoveli EYODWA oyifundile.

   ISIQEPHU B: UMDLALO
   Phendula umbuzo ngomdlalo OWODWA owufundile.

   ISIQEPHU C: IZINDABA EZIMFISHANE
   Phendula imibuzo ngazo ZOMBILI izindaba ezimfishane ezihlolwayo.

   ISIQEPHU D: IZINKONDLO
   Phendula imibuzo ngezinkondlo EZIMBILI ezibuziwe.

5. Sebenzisa uhlu lokubheka imibuzo ephenduliwe ('checklist') ukubheka ukuthi ukhethe ngendlela efanele yini.

6. Landela imiyalelo esekuqaleni KWESIQEPHU NGASINYE.

7. Bhala izinombolo kahle njengoba zibhaliwe kuleli phepha lemibuzo.

8. Qala ISIQEPHU NGASINYE ekhasini ELISHA.

9. Qikelela ukusebenzisa isikhathi esicishe sibe imizuzu engama-60 esiqeshini ngasinye.

10. Bhala ngobunono nangesandla esifundekayo.

Downloaded from Stanmorephysics.com

**OKUQUKETHWE:**

Leli khasi lizokusiza ukukhetha imibuzo ofisa ukuyiphendula ngaphandle kokufunda yonke imibuzo.

**ISIQEPHU A: INOVELI**

**Phendula noma yimuphi umbuzo OWODWA kulesi siqephu.**

| IZINOMBOLO ZEMIBUZO | AMAMAKI | IKHASI |
|---|---|---|
| 1. *Ithemba Lami* | 35 | 5 |
| 2. *Kusinda Kwehlela Endodeni* | 35 | 8 |
| 3. *Umshado* | 35 | 10 |

**ISIQEPHU B: UMDLALO**

**Phendula noma yimuphi umbuzo OWODWA kulesi siqephu.**

| | | |
|---|---|---|
| 4. *Ababulali Benyathi* | 35 | 13 |
| 5. *Icala Kaliboli* | 35 | 16 |
| 6. *Isiko Nelungelo* | 35 | 19 |

**ISIQEPHU C: IZINDABA EZIMFISHANE**

**Phendula imibuzo kuzona ZOMBILI izindaba ezimfishane ezihloliwe.**

| | | |
|---|---|---|
| 7.1 'uNozimoto' | 18 | 22 |
| 7.2 'Umunwe' | 17 | 23 |

**ISIQEPHU D: IZINKONDLO**

**Phendula imibuzo YOMIBILI kulesi siqephu.**

| | | |
|---|---|---|
| 8.1 'UNozidumo' | 18 | 25 |
| 8.2 'Ngingoweliba' | 17 | 27 |

Downloaded from Stanmorephysics.com

**Uhlu Lokubheka Imibuzo Ekhethiwe ('Checklist'):**

| ISIQEPHU | IZINOMBOLO ZEMIBUZO | IMIBUZO EPHENDULIWE | THIKHA UMBUZO OWUKHETHILE |
|---|---|---|---|
| **A: INOVELI** | 1–3 | 1 | |
| | | | |
| **B: UMDLALO** | 4–6 | 1 | |
| | | | |
| **C: IZINDABA EZIMFISHANE** | 7.1 + 7.2 | 1 | |
| | | | |
| **D: IZINKONDLO** | 8.1 + 8.2 | 1 | |

**QAPHELA:** Qiniseka ukuthi uphendule imibuzo eziqeshini EZIMBILI kuphela.

Downloaded from Stanmorephysics.com

## ISIQEPHU A: INOVELI

### UMBUZO 1: *ITHEMBA LAMI* – LF Mathenjwa

Funda iziqeshana EZIMBILI ezingezansi (u-A no-B) bese uphendula imibuzo ezolandela.

### ISIQESHANA A

Izindaba lezi azihlali phansi zesaba amazolo. Indaba lena isihambe yaze yafika kuZabalaza ixila likaNokulindela. Kwaba ukuyizwa nje wabona ukuthi alisekho elinye ithuba ayobuye alithole. Wabona ukuthi uselitholile isu lokubhidlizela uSandanezwe isidleke sakhe. Wayesesha amashushu ukuthi kazi kuyosa nini ayobona uNokulindela ukuze ezofike ayithi phihli le ndaba.
Nebala kwasa okungaliyo, amabombo wawabhekisa khona kwaHlazakazi. Engakalindi nasikhathi esingakanani emthonjeni, wambona uNokulindela ezokha amanzi. 'Wohhe! Ngane yomfazi, sezize zafika nakithi thina boZabalaza njengenhlanzi yenqaba ukuphuma emanzini. Nami ukungaphumi kwakho enhliziyweni yami sekuze kwangizwisa ezinkulu. Ntombi ucabanga ukuthi uyongifihlela kuze kube nini? Usubuya khona nje kwesakwaMadlebe eMpangeni?'
'Musa ukungibhedela wena ekuseni. Bengizoya eMpangeni ngazi bani khona? Uma inyanga yakho ikutshele ukuthi ingiphephethe yangibhekisa eMpangeni ushaye phansi, nayo ibidlala ngawe.'
'Usho kahle phela ingani wesaba ukuthi hleze sengiye kulena yaleli sokana lakho elelashwa khona lena eMpangeni. Akusasizi ukufihla kwakho sezifikile nakithi. Amasoka enu asedliwa ubusoka bawo baseThekwini, niyohamba nisishiye nibuye nisifice siyimiqemane thina boZabalaza singenangculazi.'
'Ngikutshele-ke mina uSandanezwe usesibhedlela lapho ekhona, hhayi ezinyangeni njengoba usho. Anobuza sinitshele hhayi ukukhuluma into ongayazi.'

| | | |
|---|---|---|
| 1.1 | Ngubani isibongo sale nyanga eyayelapha uSandanezwe? | (1) |
| 1.2 | Yini le eyayenza ukuthi uSandanezwe abe novalo mayelana nendlela ayezolapheka ngayo? Bhala iphuzu ELILODWA. | (1) |
| 1.3 | Bhala isizathu sikaZabalaza sokuzobona ingoduso kaSandanezwe ngalolu suku. | (2) |
| 1.4 | Fingqa kafishane isigameko esiphathelene nokuqala kwalesi sifo esasiphethe uSandanezwe. Bhala amaphuzu AMABILI. | (2) |
| 1.5 | Sizathu sini esenza uSandanezwe angabe esathanda ukuya kodokotela ngesifo sakhe? | (2) |
| 1.6 | Tomula umusho osesiqeshini osikhombisa ukuthi uZabalaza akahlalanga amahora amaningi ngaphambi kokuba kufike ingoduso kaSandanezwe. | (2) |
| 1.7 | Yikuphi okungumehluko phakathi kukaSandanezwe nonina mayelana nenkolelo yokwelashwa kwesifo esasimphethe? | (2) |

Downloaded from Stanmorephysics.com

1.8 Chaza ngesakhiwo sale noveli: *Ithemba lami*, ubhekise kulezi zihlokwana ezilandelayo. Bhala amaphuzu AMABILI ngesihlokwana ngasinye.

1.8.1 Isingeniso (2)

1.8.2 Isiphetho (2)

1.9 Chaza ngodweshu lwangaphakathi olwaluphethe ingoduso kaSandanezwe emva kokuxoxa noZabalaza ngalolu suku. Bhala amaphuzu AMABILI. (2)

1.10 Phawula ngeqhaza/ngomsebenzi womxoxi/womlandi kule noveli. Bhala amaphuzu AMABILI. (2)

**KANYE**

**ISIQESHANA B**

'Ngiyakuzwa Mkhumane wami, ngiyakuthembisa futhi ukuthi ngiyokulinda noma ngabe yisikhathi esingakanani. Ngiyomane ngiphoxwe nguwe,' washo qede izinyembezi zagcwala amehlo, walithi laphalazi isoka lakhe ngazo izimbumbulukazi ezicwile echibini lezinyembezi.
'Nokulindela ungowami, futhi uyoba ngowami njalo, ngakho-ke akekho engilindele ukuthi ayovusa umuzi kababa ngaphandle kwakho.'
Ngiyabonga ukuzwa lawo mazwi. Ngisaphuthuma ngasekhaya. Ndlelanhle Mkhumane wami sengathi izinyanya nezinyandezulu zakoMkhumane zingahamba nawe.'
'Ngiyawabonga amazwi akho nkosazana, angimisa idolo nethemba lokuthi elakithi alisoze langilahla. Nokulindela, sesiyobonana ngibuya, ngicela ungilinde ngalo mgexo ube yisikhumbuzo sothando lwami kuwe.'
'Ngiyabonga sithandwa,' kumamatheka uNokulindela.
Behlukana uNokulindela wathwala imbiza wenyusa umqansa oya ekhaya. Wama uSandanezwe kuhle kwesiphunzi wayibuka ingoduso yakhe yaze yayosithela elokhu ebalise njalo ngenhliziyo. Wayezizwa efikelwa umona nefundulwana lokucasuka uma ecabanga izinto ezazishiwo uZabalaza ngaye. Wasuka lapho waqombola esebheke ekhaya. Endleleni engazelele, wazithela kuZabalala ehamba neviyo lezinsizwa zangakubo kungathi baya emsindweni. Babehuba ingoma angayizwanga kahle aze wayizwisisa kahle sebeseduze:

Nsizwa zahamba zabuya nokufa,
Nsizwa zagula zangelapheka,
Nsizwa zaqonywa zagula,
Nsizwa zeq'ezibhedlela.

UZabalaza uyena kanye owayehola leli hubo.
'Hheshe mashinga! Wakhonkobala sengathi yinkonyane ingancelile yini?'

1.11 Yisiphi isethembiso uSandanezwe asenza kwingoduso yakhe ngalolu suku? (1)

1.12 Yikuphi kulesi siqeshana okukwenza ukholwe ukuthi uZabalaza ungumuntu onochuku? (1)

1.13 Bhala abalingiswa ababili ababamba iqhaza lokwelekelela uZabalaza enhlosweni yakhe yokuphazamisa uthando lukaSandanezwe noNokulindela, uchaze nokuthi bakwenza kanjani lokhu NGAMUNYE. (4)

Downloaded from Stanmorephysics.com

1.14 Uthini umbono wakho ngesenzo sengoduso kaSandanezwe sokubekezela yize kwakusoleka sengathi umkhwenyana wayo uphethwe yingculazi? 2

1.15 Kungumqondo omuhle yini ukuthi abantu besilisa basebenzise imithi yentando ukuze bathole abantu besifazane ababathandayo njengoba kwenza uZabalaza? Sekela impendulo yakho ngamaphuzu AMABILI. (2)

1.16 Uyazwelana yini noSandanezwe kulesi simo azithola ekuso kulesi siqeshana? Sekela impendulo yakho ngamaphuzu AMABILI. (2)

1.17 Xoxa ngokuphumelela kombhali ekusebenziseni umlingiswa onguNonkamfela ukuze akhulise udweshu kule ndaba. Bhala amaphuzu AMATHATHU. (3)
**[35]**

Downloaded from Stanmorephysics.com

**UMBUZO 2:** ***KUSINDA KWEHLELA ENDODENI*** **– SJ Mchunu**

Funda iziqeshana EZIMBILI ezingezansi (u-C no-D) bese uphendula imibuzo ezolandela.

**ISIQESHANA C**

UManyoba uvuka ebuthongweni; 'MaNdlovu! Uthi uyabona nje ukuthi aseshe ngempela amanzi emthonjeni na? Ngibona sengathi awunakile. Wena ubona kusenjengakuqala ngisasebenza. Akusenjalo.' Usho nje uMacingwane, ngalelo langa akukho ngisho isilabi lesi sokuya ethunjini.
'Baba!' Esabela ngezwi eliphansi. 'Cha! Angithule ngoba ngingaboni ukuthi kwenzekani. Ngidla amathambo engqondo, angiphumi nasiphetho esithembisayo. Wena njengendoda uthi kwenziwe njani ngoba uyabona nabantwana abasasinakile. Batheni ngempesheni?'
'Abantu balapha kwaMavundla abanaso isineke sabantu abanjengathi. Kufanele ukuba ugwaze ukuze zisheshe izinto zakho lapha, manje-ke mina angisenayo leyo mali yokunika abantu bewuholela lowo msebenzi.' Ngenye impelasonto uManyoba wabiza wonke umndeni wakhe, izinsizwa kanye namakhosikazi azo wenza umcimbi omuhle omncane, wayesezitshela izinsizwa zakhe ukuthi akasezukwazi ukuzondla yena nomkakhe, ngakho-ke abacabange ukuthi bazokwenzenjani ngabo. Ngesonto ntambama abafana kwase kufanele baphindele emuva lapho behlala khona.
Abafana bacela ukuba bake bahlanganise amakhanda bese bebatshela ukuthi bazokwenzenjani. Nebala benzenjalo. Zasuka lapho izinsizwa zozine zayohlala endlini yokuphumula, kwaqala omdala njengenjwayelo uma kunento abayidingidayo. 'Bafowethu! Ngethemba ukuthi akekho ongezwanga ukuthi ubaba utheni. Nathi sizibonele ukuthi indlala injani lapha ekhaya.' Kusho uFanyana.

2.1 Ngubani igama lenkosikazi kaManyoba? (1)

2.2 Yini le uManyoba abalisa ngayo kulesi siqeshana? Bhala iphuzu ELILODWA. (1)

2.3 Bhala isizathu sikaManyoba sokuba enze umcimbi omncane emzini wakhe ngalolu suku. (2)

2.4 Fingqa kafishane ukuthi yayinjani impilo kaManyoba ngesikhathi esasebenza epulazini likaGeorge. Bhala amaphuzu AMABILI. (2)

2.5 Sizathu sini esaxabanisa uManyoba namadodana akhe? (2)

2.6 Tomula umusho osesiqeshini osikhombisa ukuthi inkosana kaManyoba yiyona eyayihola umhlangano ngalolu suku. (2)

2.7 Yikuphi okungumehluko phakathi kukaManyoba noNtombela ngendlela ababeziphethe ngayo besasebenza eGoli? (2)

2.8 Chaza ngesakhiwo sale noveli: *Kusinda Kwehlela*, ubhekise kulezi zihlokwana ezilandelayo. Bhala amaphuzu AMABILI ngesihlokwana ngasinye.

2.8.1 Isingeniso (2)

2.8.2 Isiphetho (2)

Downloaded from Stanmorephysics.com

2.9 Chaza ngodweshu lwangaphakathi olwaluphethe intombi kaManyoba emva kokuzwa izindaba zokuthi kuzofika abantu baseMachunwini bezocela isihlobo esihle. Bhala amaphuzu AMABILI. (2)

2.10 Phawula ngeqhaza/ngomsebenzi womxoxi/womlandi kule noveli. Bhala amaphuzu AMABILI. (2)

**KANYE**

**ISIQESHANA D**

Ekamelweni lentombazane ugogo uxoxa nayo, 'Mzukulu!'

'Gogo.' Kusabela intombazane uyibona nje ukuthi isamangele yilesi senzo sikagogo ebeyihlala ikhuluma kabi ngaye.

'Abafana abantu abahle kodwa kofanele uqaphele ukuthi uhamba nobani kusasa. Uyezwa?'

'Ngiyezwa gogo. Bengicabanga ukuthi lo mfana uyangithanda kanti ufuna ukulala nami kuphela. Kwazi bani ukuthi ubengezukungibalekela yini ngemuva kwalokho na?'

'Omunye uyabaleka, kanti omunye akabaleki. Abafana behlukene mzukulu. Into embi ukuthi akabhaliwe emehlweni ngamunye ukuthi uwuhlobo luni lo, yingakho kuqala kwakukhona amaqhikiza ayehlola amatshitshi.'

'Gogo! Yini itshitshi kanti.'

'Itshitshi intombi engakaqomi, futhi eyintombi nto.'

'Enjani eyintombi nto, gogo?'

'Intombazane engakaze ilale nomfana. Intombazane engangawe nje mzukulu, ukuba uhlala ngakithi ngabe ubuyoze ulale nomfana usushadile. Thina sikhule seluswe amaqhikiza. Uma kukhona insizwa ekushelayo, wawubikela iqhikiza liyazi, nangesikhathi usubona ukuthi usuyayithanda, iqhikiza lalizibonela kalula nje. Uma usuyithanda wawubikela lona ngaphambi kokuba likuvumele umnike ucu lowo mfana.'

'Yini ucu gogo? Wena gogo ukhuluma ngezinto umama angakaze angitshele ngazo.'

'Ucu ubuhlalu obukhumula entanyeni yakho ubunike umfana ngoba usumthanda.'

'Gogo! Zimnandi lezi zindaba zakho, asibuye sizixoxe kusasa futhi ukuze nami ngizozazi njengawe.' Bahleke. Balale.

2.11 Yisiphi lesi senzo ugogo asenzela umzukulu ngalolu suku? (1)

2.12 Shono isimo esabangela ukuthi uMaNdlovu agcine esehlala nendodana yakhe uFanyana. (1)

2.13 Bhala abalingiswa ababamba iqhaza lokwelekelela uManyoba ezinkingeni ahlangabezana nazo ngesikhathi esuka emzini wendodana yakhe esebuyela ekhaya, uchaze nokuthi bakwenza kanjani lokhu NGAMUNYE. (4)

2.14 Uthini umbono wakho ngesenzo sikaManyoba sokuthutha endaweni azalelwa kuyo ayokwakha umuzi wakhe eMdlovane? Bhala amaphuzu AMABILI. (2)

2.15 Kungumqondo omuhle yini ukuthi abantu besilisa bathathe izinqumo ezithinta umndeni bengabonisananga namakhosikazi abo njengoba kwenza amadodana kaManyoba? Sekela impendulo yakho ngamaphuzu AMABILI. (2)

2.16 Uyazwelana yini noThembalihle kulesi simo azithola ekuso sokuvinjezelwa yisoka lakhe ngalolu suku? Sekela impendulo yakho ngamaphuzu AMABILI. (2)

2.17 Xoxa ngokuphumelela kombhali ekusebenziseni abalingiswa (oMaNene nomkaMjwayeli) ukuze akhulise udweshu kule ndaba. Bhala amaphuzu AMATHATHU. (3)

**[35]**

Downloaded from Stanmorephysics.com

**UMBUZO 3: *UMSHADO* – N Zulu**

Funda iziqeshana EZIMBILI ezingezansi (u-E no-F) bese uphendula imibuzo ezolandela.

**ISIQESHANA E**

'Uyazi sengikhathele yilaba bantu bakho Tholi.'
'Ngicela uxole wakwami. Bacabanga ukuthi kukhona uPamella.'
'Yena ubasiza ngani?'
'Akabasizi ngalutho njalo. Basuke bejabulela ukuthi bahlezi nomlungu okhululekile nje kuphela. Naye phela uye afike nabanye abangani bakhe lapha.'
'Ngisola sengathi kuzofuneka uhlukane noPamella uma uzoba umkami.'
'Usho ukuthini Bheki?'
'Vele nje, zikhona izinto okuyofuneka wazi ukuthi uzohlukana nazo uma sesishadile.'
'Angikuphikisi, kuyobonakala sekuqoqwa.'
'Umalume wathi angobuza kahle hle ngesimo sonke; abazali nekhaya.'
'Uma ungakangazi manje Bheki awusophinde ungazi.'
'Uma umalume eseyokhonga ngimkhombise kuphi?'
'Abakithi bayofika khona lapha, kukhulunywe kuqedwe.'
Akabange esaba namagama uBheki. Waphaphama ekhathele kabi uBheki. Wavuka waqonda ekhaya.
Waphuthuma esikoleni.
'Wabonakala ukhathele nje namuhla Bheki kwenzenjani?'
'Sengathi ngizophathwa umkhuhlane.'
'Manje abakhongi usubatholile?'
'Sengibatholile. Ngempelasonto nje baqonda khona.'
'Abazali bakaTholi sebefikile?'
'Sengathi uzofika nabo phela uZenze.'
'Usehlukanisile yini uTholi?'
'Kwathi uma ngimbuza lokho wathi akusiyo inkinga ukwehlukanisa.' Kwathuleka emva kwale mpendulo. Babukana uSifiso noBheki.
'Uzimisele ngoTholi lo Bheki?'
'Uqinisile impela Sifiso. Eqinisweni nje senginethemba lokuthi siyoshada noma kanjani.'
Bathi uma behlukana lapho uBheki wayophumula evulande.

3.1 Ngobani laba bantu athi uBhekani usekhathele yibo kulesi siqeshana? (1)

3.2 Yini le umalume kaBhekani athi kumele ayibuze kuTholi ukuze bamazi kahle? Bhala iphuzu ELILODWA. (1)

3.3 Bhala isizathu esenza ukuthi uBhekani afune ukubuqeda ubungani bukaTholakele noPamella. (2)

3.4 Fingqa kafishane ukuthi saba njani isimo senhlalo kaBhekani emva kokufika kukaBhatomu eNyawushane. Bhala amaphuzu AMABILI. (2)

3.5 Sizathu sini esaxabanisa uBhekani nomama wakhe emva kokuba esezwile ukuthi uthandana noTholakele? (2)

Downloaded from Stanmorephysics.com

3.6 Tomula umusho osesiqeshini osikhombisa ukuthi uTholakele wayengavumi futhi engaphikisani nombono kaBhekani wokuthi kuyomele ahlukane noPamella uma sebeshadile. (2)

3.7 Yikuphi okungumehluko phakathi kukaLindiwe noTholakele ngendlela abaziphatha ngayo? (2)

3.8 Chaza ngesakhiwo sale noveli: *Umshado*, ubhekise kulezi zihlokwana ezilandelayo. Bhala amaphuzu AMABILI ngesihlokwana ngasinye.

3.8.1 Isingeniso (2)

3.8.2 Isiphetho (2)

3.9 Chaza ngodweshu lwangaphakathi kuBhekani ngesikhathi oTholakele bengasafiki esontweni okwakuzoshadelwa kulo. Bhala amaphuzu AMABILI. (2)

3.10 Phawula ngeqhaza/ngomsebenzi womxoxi/womlandi kule noveli. Bhala amaphuzu AMABILI. (2)

**KANYE**

**ISIQESHANA F**

'Kodwa uke uzisebenzise zona lezo dakamizwa?'
'Phela yikho ngithi bayangibhedela nje.'
'Pho amaphoyisa abezofunani lapha kuwe?'
'Umzala wami oyiphoyisa. Uma eze lapha ezongibona usuke ehamba nabangani bakhe.'
Aphole uBheki. Ehlise umoya manje. Abone ukuthi sengathi uTholi mdala kunaye ngomqondo. Asale eseziduduza ngokuthi uma kukhona izimfihlo alele phezu kwazo uTholi ziyombuleka ngelinye ilanga. Akhumbule ukuthi kade ebona uBhatomu abuze.
'UBhatomu yilokhu ahamba lokho?'
'Habo! Uyazi kade elapha. Angazi ukuthi uzwe ngobani ukuthi ngiyagula. Uthi usezwile ukuthi sengifuna ukushada. Uthi yena uyowumisa nse lowo mshado.'
'Kodwa uthi angakwenza lokho?'
'Lutho; ngeke aze enze ngisho nomzamo wodwa lo.'
'Kodwa-ke uma uphuma lapha siyashada?'
'Akukho okunye mntakwethu. Uma ngiqeda amalungiselelo nje akukho okunye. Umuntu okufuneka ngimbone uZenze kuphela. Kuhle ngazi ukuthi uhambe kanjani; ubaba uyamukele yini imali.'
'Uyena owahambisa imali eyayilethwe abakhongi?'
'Uyena Bheki.'
Athule uBheki. Uhlushwa ukuthi uZenze kaTholi unokungamethembi nje isikhathi esiningi.
'Uphi umngani wakho uPamella?'
'Akekho. Wathi usavakashela unina le epulazini.'
'Akakaze afike nje azokubona?'
'Angafika kanjani phela? Kukude kabi lapho okuhlala khona unina.'

Downloaded from Stanmorephysics.com


3.11 Yini into eyenza ukuthi uTholakele alaliswe esibhedlela? (1)

3.12 Shono isimo esabangela ukuthi uTholakele abaleke emzini. (1)

3.13 Bhala abalingiswa ababili ababamba iqhaza lokwelekelela uBhekani ekumexwayiseni ngobungozi bokuthandana noTholakele, uchaze nokuthi bakwenza kanjani lokhu NGAMUNYE. (4)

3.14 Uthini umbono wakho ngesenzo sikaTholakele noPamella sokuthandana yize benobulili obufanayo? Bhala amaphuzu AMABILI. (2)

3.15 Kungumqondo omuhle yini ukuthi abantu besifazane basebenzise abangani babo ukumela umndeni uma belotsholwa njengoba kwenza uTholakele? Sekela impendulo yakho ngamaphuzu AMABILI. (2)

3.16 Uyazwelana yini noBhekani kulesi simo azithola ekuso sokukhohliswa nguTholakele? Sekela impendulo yakho ngamaphuzu AMABILI. (2)

3.17 Xoxa ngokuphumelela kombhali ekusebenziseni umlingiswa uSifiso ukuze akhulise udweshu kule ndaba. Bhala amaphuzu AMATHATHU. (3)
**[35]**

**AMAMAKI ESIQEPHU A: 35**

Downloaded from Stanmorephysics.com

## ISIQEPHU B: UMDLALO

## UMBUZO 4: *ABABULALI BENYATHI* – RM Mngadi

Funda iziqeshana EZIMBILI ezingezansi (u-G no-H) bese uphendula imibuzo ezolandela.

### ISIQESHANA G

| | |
|---|---|
| DUMA: | Lalela phela. UMaShezi usephendukile. Wethuswe yisimo lesi sakho kanye nabafanyana abahambisana nenkosi, abadlule kwami badelela. Ngempela uyatwetwa manje. Uze wathi kungabangcono uma mina ngingazehlisa enkosini noma ngiyeke kwabukhansela lobu. Hheyi! Wethuke ngempela uMaShezi. Ngethukile ngoba ngiyamazi umkami. Ubebhodla umlilo ngokuyokhuleka enkosini kodwa manje usemane waphenduka kuhle kwemali uma abafana bedlala isipini. |
| MBANDLWA: | *(asukume)* Uyadlala uMaShezi! Hhayi bo! Senzeni? Sijabulise lezi zilima ezingahambisani nezinguquko? Lutho! Lalela lapha wena! Hamba uye emaphoyiseni ufike ubike ngomhlangano ofuna ukuwubiza maqede uwacele ukuba afike ngoba kunabantu abangayifuni inqubekela phambili kule ndawo. Uchaze nje nangobungozi babo. Ngeke amaphoyisa **akwenzele phansi**. Akekho umuntu ongazithela emaphoyiseni ewabona. Uyabona, lowo mhlangano uyokunika amandla ngoba **uyonunusela** abantu ngezinhlelo ezikhangisayo okufanele zenziwe. Ngiyakutshela nongafuni lutho ngekhansela, uyophenduka ahambisane nalo. Emva kwalowo mhlangano uyophenduka inkosi. Imilomo, bheka *(avale umlomo wakhe ngesandla elingisa amazwi akhe)*. |
| DUMA: | Usuyakhuluma-ke manje mfo. Uyazi okunye engikucabangayo ngukuthi umhlangano akudingeki siwubize ngombhobho. Sizobhala isimemo esikhangayo maqede sicele ozosibhalela sona ngekhompyutha. Ukusukela lapho, siyosigaya emshinini lona ozikhipha sekuyizimemo eziningi ukuze sikwazi ukuzinameka kulo lonke leli wadi lami. |

4.1 Ngokwalesi siqeshana, yini eyayethusa uMaShezi? (1)

4.2 Bhala igama elisetshenziswe uDuma elisitshela ukuthi uMaShezi wayenovalo olukhulu. (1)

4.3 Yisiphi isikole okwafunda kuso uDuma noMaShezi? (1)

4.4 Yini lena eyayenziwa uDuma eyayikhombisa ukuthi akayihloniphi iNkosi uShandu? Bhala amaphuzu AMABILI. (2)

4.5 Yikuphi okufanayo ngeqhaza elibanjwe nguDlamini noMbandlwa kulo mdlalo? Sekela ngokubhekisa ezenzweni zomlingiswa ngamunye. (3)

4.6 Nikeza izizathu ezenza ukuthi inkosi uShandu iyekise uMaNgema umsebenzi. Bhala amaphuzu AMABILI. (2)

Downloaded from Stanmorephysics.com

4.7 Bhala isizathu esenza ukuthi uMaShezi afise ukuyilalela indoda eyayithunywe inkosi. (2)

4.8 Shono isigameko esiwuvuthondaba kulo mdlalo bese uchaza ukuthi siyayixazulula yini inkinga yomlingiswa omkhulu noma cha. (2)

4.9 Chaza ukuthi isimo senhlalo kulo mdlalo sinokujabula noma sinosizi yini. Sekela ngephuzu ELILODWA. (2)

4.10 Yisiphi isigameko esibandakanya uMaShezi esasifihlelwe uDuma nesaba nomthelela ekuletheni ukuthula emphakathini? (2)

4.11 Chaza ukuthi ubukhona bomlingiswa ongusayitsheni kwamsiza kanjani uDuma. Bhala iphuzu ELILODWA. (2)

**KANYE**

**ISIQESHANA H**

DUMA: *(akhothame)* Ngiyabonga Ndabezitha. Kusukela manje sengizokwenza konke okusemandleni ami ukuthi ngibeke uNdabezitha phambili ngaphambi kokwenza noma yini ethinta isizwe.

SHANDU: Kulungile-ke Duma. Manje sizoyenzenjani lena yabantu abazobulalana egameni lakho, kanye nelami?

MAZONGOLO: Ukhona uMdali kulolo daba Ndabezitha.

MANGEMA: Kufanele uhambe umyalezo omayelana noxolo oselukhona phakathi kwenkosi noDuma ukuze abantu nabo behlise ulaka lwabo phezu komunye nomunye.

**(Kukhale iselula kasayitsheni ayihoshe, akhulume.)**

SAYITSHENI: Halo! *(athule kancane)* Yebo! Wo … Osopolitiki bezinhlangano zombili nesikhulu sikahulumeni? *(athule kancane)* Awume kancane, ngizobuyela kuwe emva kwemizuzwana nje. *(aluvale ucingo)*

**(Bonke endlini sebehlahle amehlo.)**

MANGEMA: *(ngezwi elinexhala lokulangazelela ukwazi okwenzekayo)* Sayitsheni kwenzekani manje?

SAYITSHENI: Cha, ngumphathi wami uKaputeni uDlungwane. Uthi, endaweni sekufike abamele izinhlangano ezimbili ezintsha, kanye nesikhulu sikahulumeni. Banesifiso sokukhuluma nesizwe sikaNdabezitha. *(abhekise enkosini)* Uthini uNdabezitha kulokho?

SHANDU: *(amamatheke)* Sayitsheni, mina ngiyavuma. Mabazame ukucisha lo mlilo. Phela bazoqedana abantu uma silibala yingevu. Ngicela ningiphe ipheshana khona ngizobhala umyalezo ozofundelwa abantu.

**(Atatazele usayitsheni ehosha ibhukwana nepeni. Amonyule ipheshana bese elidlulisela enkosini, nepeni.)**

SAYITSHENI: *(anike inkosi)* Ndabezitha.

**(Ibhale inkosi, ngaleso sikhathi laba abanye babukana ngamehlo amahle futhi bayamamatheka. UMfundisi uMazongolo ucimezile nezandla uzihlanganisile okomuntu okhulekayo. Ibhale ize iqede inkosi.)**

Downloaded from Stanmorephysics.com

4.12 Ngubani obizwa ngoNdabezitha kulesi siqeshana? (1)

4.13 Fingqa ngamaphuzu AMATHATHU okwenzeka kulesi siqeshana esingenhla. (3)

4.14 Ithini indikimba yalo mdlalo? Sekela ngephuzu ELILODWA. (2)

4.15 Bhala izigameko EZIMBILI ezithinta umlingiswa omkhulu kulo mdlalo ezenzeka emva kokushona kukaMbandlwa ezikhulisa isixakaxaka. (2)

4.16 Ngokubona kwakho yini okwakumele yenziwe nguHulumeni ukuze kusheshe kube noxolo kule ndawo? Bhala amaphuzu AMABILI. (2)

4.17 Uyavumelana yini nokuthi amagqubu aba yimbangela (cause) yokungaboni ngaso linye phakathi kukaMbandlwa noDlamini? Sekela impendulo yakho ngamaphuzu AMABILI. (2)

4.18 Uphumelele yini umbhali ukusivezela izifundo ezahlukene kulo mdlalo wakhe? Sekela impendulo yakho ngamaphuzu AMATHATHU aveza izifundo ezitholakala kulo mdlalo. (3)

**[35]**

Downloaded from Stanmorephysics.com

**UMBUZO 5: *ICALA KALIBOLI* – VM Mbhele**

Funda iziqeshana EZIMBILI ezingezansi (u-I no-J) bese uphendula imibuzo ezolandela.

**ISIQESHANA I**

SONTO: Uphumaphi?
ZINHLE: *Come on mummy*, ngiphuma esikoleni.
SONTO: *(Ethetha)* Khuluma iqiniso wena.
ZINHLE: Hhayi bo! *Mummy, what's going on here?*
SONTO: Ulethwe ngubani la ekhaya?
ZINHLE: Ngibuye nge-*school bus as usual mummy.*
SONTO: Uqinisile yini?
ZINHLE: *Yes mummy*.
SONTO: Ikhona indoda ongayazi eke yakhuluma nawe?
ZINHLE: Cha, kanti *what's up mummy? Are you ok?*
SONTO: *(Edonsa umoya kakhulu)* Hhayi, akukho lutho, hamba uyokhumula iyunifomu.
ZINHLE: *Just like that?*.
SONTO: *(Ethetha) Just like that* wani la? Ngithe hamba uyokhumula.
ZINHLE: *(Enyakazisa umzimba ngokudinwa, eya ekamelweni.)* Kodwa *It's not fair* ukuthi ungasho ukuthi imibuzo engaka ongibuza yona imayelana nani? *(Aphume uZinhle. Asale uSonto enikina ikhanda, ucabanga ngokujula. Abuye athathe iselula yakhe ashayele uMthofi.)*
MTHOFI: *(Ngolaka)* Yini manje?
SONTO: Ngifuna sixoxe.
MTHOFI: Kanti usakhuluma indaba yokuthi sixoxe? Bengithi mina ungibizela ukuthi uzonginika imali yami.
SONTO: *(Emthulisa)* Musa ukuphakamisa izwi phela, izosizwa ingane.
MTHOFI: Kanginandaba nengane. Ubungazi yini ukuthi kunengane ngesinkathi ungibiza?
SONTO: Eyi bakithi, ngake ngaziyala. *(Asukume amemeze)* Zinhle, Zinhle, kawuvele ngapha?
*(Kungene uZinhle emva kwesikhashana.)*
ZINHLE: Sengifikile mama.
SONTO: Ngisacela ungiyele esitolo bandla, uyongithengela amaphilisi ekhanda ne-*airtime. (Adonse isikhwama akhiphe imali.)* Uyobona ukuthi uzithengelani ngoshintshi.
SONTO: *Thanks mummy.* Ngizobuya ngokushesha.

5.1 Ngokwalesi siqeshana uphumaphi uZinhle njengoba efika kubo nje? (1)

5.2 Bhala ibinzana lamagama noma umusho osetshenziswe kulesi siqeshana ositshengisa ukuthi uZinhle wayekwazi ukukhuluma isiNgisi. (1)

5.3 Umndeni kaMbhele wawuziphilisa kanjani? (1)

5.4 Yini lena eyenziwa nguSonto ekhombisa ukuthi ungumuntu onesibindi futhi ongenalo uzwelo? Bhala amaphuzu AMABILI. (2)

5.5 Yikuphi okufanayo ngeqhaza elibanjwe nguMfundisi noMaNsibande kulo mdlalo? Sekela ngokubhekisa ezenzweni zomlingiswa NGAMUNYE. (3)

Downloaded from Stanmorephysics.com

5.6 Nikeza izizathu ezenza ukuthi uSonto afune ukuxoxa noMthofi ngalolu suku. Bhala amaphuzu AMABILI. (2)

5.7 Bhala isizathu esenza ukuthi uSonto azenze umuntu osebenzisanayo nabantu bomthetho ngesikhathi bephenya icala lokufa kukamfundisi. (2)

5.8 Shono isigameko esiwuvuthondaba kulo mdlalo bese uchaza ukuthi siyayixazulula yini inkinga yomlingiswa omkhulu noma cha. (2)

5.9 Chaza ukuthi isimo senhlalo kulo mdlalo sinokujabula noma sinosizi yini. Sekela ngephuzu ELILODWA. (2)

5.10 Yisiphi isigameko esibandakanya uSonto esasifihlelwe uMaMkhize nesaba nomthelela empilweni kaMbhele? (2)

5.11 Chaza ukuthi ubukhona bomlingiswa onguNhleko kwawusiza kanjani umphakathi wale ndawo. Bhala iphuzu ELILODWA. (2)

**KANYE**

**ISIQESHANA J**

ZINHLE: Ngikubona nje … *you look pale* … kade ukhuluma nobani ocingweni?
SONTO: *(Ngolaka)* Nansi imihlola yami bo! Umuntu omdala kuyabuzwa yini kuye izinto ezinjalo?
ZINHLE: Ngiyabuza nje phela ngoba ngikubona izandla ziqhaqhazela.
SONTO: Awungiyeke wena, idumbe lani?
*(Kungqongqozwe emnyango. Kuvuleke umnyango, kungene uNhleko.)*
NHLEKO: Siyanibingelela ekhaya.
SONTO: *(Ngokucikeka)* Yebo, ngingakusiza ngani?
NHLEKO: Bengicela ukukhuluma nawe nkosikazi Mbhele.
SONTO: Zinhle, hamba uye ekamelweni. Sisafuna ukukhuluma izindaba zabantu abadala.
ZINHLE: *(Ephuma) Ok mummy.*
SONTO: Uzongisesha ngani-ke namuhla?
NHLEKO: *(Embuka emehlweni)* Ngiyadabuka ukukwazisa ukuthi ubaba walapha ekhaya akasekho emhlabeni.
SONTO: *(Ezithukisa)* Hhayi bo! Kwenzekeni?
NHLEKO: Nami angazi. Thina maphoyisa sifice nje imoto yakhe ishe yaphela yaba umlotha, yena engumlotha phakathi.
SONTO: *(Ezikhalisa)* Hawu ngomyeni wami bakithi! Ngizothini nje enganeni yakhe?
NHLEKO: Ngiyadabuka nkosikazi Mbhele.
SONTO: Uphi njengamanje?
NHLEKO: Umlotha nemoto yakhe kusagcinwe abomthetho, ngenxa yophenyo. Kuyothi kungaqedwa niyobe seniwuthola umlotha wakhe ukuze niwungcwabe.
SONTO: *(Amehlo agcwale izinyembezi)* Kulungile, siyabonga.
NHLEKO: Nisale kahle, **akwehlanga lungehlanga** nina bakwaMbhele.
*(Aphume, eshiya uSonto ekhala. Emva kwemizuzwana kungene uZinhle. Naye uyakhala)*
ZINHLE: *(Ekhala ngosizi)* Ngikuzwe konke ebenikuxoxa *mummy*. Ngizoba yini nje ngo-*daddy?*
SONTO: *(Esenokuzisola)* Woza kumama sisi. Thula *baby,* thula mntanami.
*(Eze uZinhle. Babambane noSonto, bakhale kakhulu.)*
ZINHLE: *Why mummy*? Ufeleni u-*daddy, mummy?*

Downloaded from Stanmorephysics.com

5.12 Ngubani lo Zinhle okhuluma noSonto kulesi siqeshana? (1)

5.13 Fingqa ngamaphuzu AMATHATHU okwenzeka kulesi siqeshana esingenhla. (3)

5.14 Ithini indikimba yalo mdlalo? Sekela ngephuzu ELILODWA. (2)

5.15 Bhala izigameko EZIMBILI ezithinta umlingiswa omkhulu kulo mdlalo ezenzeka emva kokushona kukaMbhele ezikhulisa isixakaxaka. (2)

5.16 Ngokubona kwakho yini okwakumele yenziwe ngumphakathi wakule ndawo ukuze ulwisane nobugebengu? Bhala amaphuzu AMABILI. (2)

5.17 Uyavumelana yini nokuthi uMaNsibande wakuthokozela ukuboshwa kukaSonto? Bhala amaphuzu AMABILI. (2)

5.18 Uphumelele yini umbhali ukusivezela isifundo kulo mdlalo wakhe? Sekela impendulo yakho ngamaphuzu AMATHATHU aveza izifundo ezitholakala kulo mdlalo. (3)

**[35]**

Downloaded from Stanmorephysics.com

**UMBUZO 6: *ISIKO NELUNGELO* – *N Zulu***

Funda iziqeshana EZIMBILI ezingezansi (u-K no-L) bese uphendula imibuzo ezolandela.

**ISIQESHANA K**

(*UThenjiwe uhlezi phansi komuthi uyathunga. Ukhuluma yedwa)*

MAMBATHA: Uyawuthanda lo msebenzi wokuthunga koti bo. *(Ahlale phansi*)
THENJIWE: Ngenzela ukuthi ngingakhohlwa mama. Nawo umshini awufuni ukuhlala isikhathi eside ungasebenzi.
MAMBATHA: Kuzofuneka ungifundise nami makoti ngizithungele.
THENJIWE: Awu mama uthi kungalunga ufundiswa imfundamakhwela?
MAMBATHA: Akubonakali ukuthi usafunda koti. Ukwenza kwakho kukhombisa ubumpetha. Impela ngicela ungifundise. Siningi kabi isikhathi esizosihlala nawe ngingagcina sengiwushaya njengawe nje.
THENJIWE: Usho ukuthini umama uma ethi sisazohlala isikhathi eside?
MAMBATHA: Kanti uyahamba yini?
THENJIWE: Ngingeze ngasho ukuthi ngiyahamba mama. Uma sekukhunyulwe inzilo bengizocela ukuba ngibuyele ekhaya.
MAMBATHA: (*Ashaye izandla*) Nansi indaba bo! Wawukuzwaphi ukuthi umakoti ushiya lapho endele khona abuyele kubo?
THENJIWE: Bengisho ngoba ngisemncane mama. Nomuntu owangiletha lapha nakhu esesheshe wangishiya.
MAMBATHA: (*Ahwaqe*) Pho akukho muntu yini lapha ekhaya? Awusiboni thina? Abakini abathi ubobuya uma kushone indoda yakho?
THENJIWE: Ngiyaxolisa mama uma ngenze iphutha. Eqinisweni isicelo nje lesi ebengisenza.
MAMBATHA: Uyabona njengoba wakhishwa kini kwabikwa emadlozini nje, akuselula ukuthi ubuye ubuyele kini. Uyothi uyaqhamuka bathi abamfuni umuntu obuye emendweni. Wena awusenayo indawo kini.
THENJIWE: Nabo phela ngiyobachazela ukuthi ngibuyiswe yini. Abangixoshanga futhi mina ekhaya.
MAMBATHA: Wena uhlushwa ukungazi. Noma bengakuxoshanga kodwa amasiko enziwa uvaleliswa ayekuxosha kini.
THENJIWE: Kuzofuneka ke ngithi qu ngasekhaya ngizwe uvo lwabo.

6.1 Ngokwalesi siqeshana yimuphi lo msebenzi othandwa nguThenjiwe? (1)

6.2 Bhala umusho osetshenziswe kulesi siqeshana ositshengisa ukuthi uThenjiwe wayefuna ukuya kubo uma esekhulume inzilo. (1)

6.3 Yisiphi iseluleko uMaNzuza asinikeza uThenjiwe mhla behlangana emgwaqeni? (1)

6.4 Yini eyayenziwa nguMaMbatha ekhombisa ukuthi wayebuye angamhloniphi uThenjiwe? Bhala amaphuzu AMABILI. (2)

6.5 Yikuphi okufanayo ngeqhaza elibanjwe nguNondumiso noZungu kulo mdlalo? Sekela ngokubhekisa ezenzweni zomlingiswa NGAMUNYE. (2)

Downloaded from Stanmorephysics.com

6.6 Nikeza izizathu ezenza ukuthi uMondise aphikelele ukuphindisela uThenjiwe emzini. Bhala amaphuzu AMABILI. (3)

6.7 Bhala isizathu esasenza ukuthi uDumisani aqale akungabaze ukungena uThenjiwe. (2)

6.8 Shono isigameko esiwuvuthondaba kulo mdlalo bese uchaza ukuthi siyayixazulula yini inkinga yomlingiswa omkhulu noma cha. (2)

6.9 Chaza ukuthi isimo senhlalo kulo mdlalo sinokujabula noma sinosizi yini. Sekela ngephuzu ELILODWA. (2)

6.10 Yisiphi isigameko esibandakanya uThenjiwe esasifihlelwe uDumisani nesaba nomthelela empilweni kaThenjiwe? (2)

6.11 Chaza ukuthi ubukhona bomlingiswa onguGugu bamsiza kanjani uThenjiwe kulezi zinkinga ayebhekene nazo? Bhala iphuzu ELILODWA. (2)

**KANYE**

**ISIQESHANA L**

| | |
|---|---|
| MONDISE: | Sizohluleka sizamile. Lona lihle bantabami, ngiyalazi liyasebenza. |
| THENJIWE: | Kungcono ngizozihlalela ekhaya. |
| MONDISE: | Phela awusenayo indawo kahle lapha ekhaya. Wakhishwa wabikwa nakwabaphansi. |
| THENJIWE: | *(Zigcwale amehlo)* Hawu! Uyangixosha baba! Hawu! Kanti anisangifuni lapha ekhaya? (*akhale*) |
| NONDUMISO: | Kahle Thenji, ubaba usachaza. |
| THENJIWE: | Uchazani ubaba esengitshele emehlweni ukuthi akangifuni lapha ekhaya? |
| MONDISE: | Ngisho ukuthi phela lokho kuyosho ukuhlehlisa lonke uhlelo olwenziwa. Eqinisweni leli siko lavezwa yilokho. Ukubuya kukamakoti emendweni kusho ukuphindisela emuva amalobolo nakho konke okuthintene nawo. |
| NONDUMISO: | Okungcono singaya ngisho kubammeli. Sinalo ilungelo lokungabuyiseli lutho emuva baba. |
| THENJIWE: | Mina ngingasebenza nokusebenza okungcono ngibuyise lezo zinto kunokuba ngiyogana uDumisani. |
| MONDISE: | Cha mntanami sengizwile ukuthi awuyifuni impela le nto. Nginike ithuba sihlangane nabasemzini kusasa sibhunge. |
| NONDUMISO: | Uyamuzwa ubaba Thenji? |
| THENJIWE: | Ngiyamuzwa *(athi ukuthula)* Kuzofuneka ngibhekane noDumisani manje. Ukuba akekho ngabe angikho kule nkinga. Sengibone kahle kufuneka ngimthathele izinyathelo. Ngiyoze ngimchithe. |
| MONDISE: | Ungakhulumi kanjalo mntanami, sizoyilungisa le ndaba yakho. (*Kusekhaya kwaManzini. Kuhleziwe phansi kwesihlahla kubhungwa indaba kaThenjiwe*) |
| ZUNGU: | Usehlule umakoti Mondise uthi isiko leli akalazi. Angazi-ke ukuthi nanifundise kanjani kanti? |

| | |
|---|---|
| MAMBATHA: | Okusixaka du, lo muntu akafuni ukukhuluma. Uvele avuke inja ebomvu. Okwesibili njengoba ebuya nje, useke wazihambela asamazi nokuthi ushonephi. |
| MONDISE: | Kanti awuhlониphi lapha emzini Thenjiwe? Yini le engiyizwayo. Uzongiphoxa lapha? |

6.12 Ngubani lo Nondumiso okhuluma noMondise noThenjiwe kulesi siqeshana? (1)

6.13 Fingqa ngamaphuzu AMATHATHU okwenzeka kulesi siqeshana esingenhla. (3)

6.14 Ithini indikimba yalo mdlalo? Sekela ngephuzu ELILODWA. (2)

6.15 Bhala izigameko EZIMBILI ezithinta umlingiswa omkhulu kulo mdlalo ezenzeka emva kokushona kukaSipho ezikhulisa isixakaxaka. (2)

6.16 Ngokubona kwakho yini okwakufanele yenziwe ngumphakathi wakule ndawo ukuvikela abesifazane abafana noThenjiwe bangaphoqwa ukuba balandele isiko lokungenwa? Bhala amaphuzu AMABILI. (2)

6.17 Uyavumelana yini nokuthi uDumisani wakuthokozela ukuboshwa kukaSipho? Bhala amaphuzu AMABILI. (2)

6.18 Uphumelele yini umbhali ukusivezela izifundo ezahlukene kulo mdlalo wakhe? Sekela impendulo yakho ngamaphuzu AMATHATHU aveza izifundo ezitholakala kulo mdlalo. (3)
**[35]**

**AMAMAKI ESIQEPHU B: 35**

Akuvumelekile ukukopisha leli phepha
KWAZULU-NATAL
M5
Pheqa ikhasi

## ISIQEPHU C: IZINDABA EZIMFUSHANE

***IZINYEMBEZI ZOTHANDO* – DBZ Ntuli (Umhleli)**

Kulesi siqephu phendula YOMIBILI imibuzo; UMBUZO 7.1 NOMBUZO 7.2.

## UMBUZO 7

7.1 **'UNOZIMOTO' – Sicelo Zimema**

Funda lesi siqeshana esingezansi bese uphendula imibuzo ezolandela.

**ISIQESHANA M**

'Yebo phela, wathenga. Kodwa isikhwele sale thuphisi! Uma engangifica ngiyigqokile nje eqhamuka emsebenzini, ngabe ngivelelwe. Angabuza esefile ukuthukuthela ukuthi ngiyifakele ukubukwa ngubani engekho? Awazi wena ukuthi uyikhwelezela kanjani le ngubo yami.'

'Nale bhasi seyigcina ngakho nje ukusithela ngezintuli, ayisithathi. Konje wena awuyigibeli ibhasi?'

'We-a! Ubani Ngingcoliswe yila mabhasi alapha emakhaya athi uma ehamba abuthe uthuli lugcwale ngaphakathi abantu bangabe besabonana nokubonana? Ngifike senginjani-ke lapho ngiya khona? Futhi nje angifuni mina ngiyahamba ngiyakhuhluzeka sengathi angikhokhanga mali. Izimoto namatekisi kukhona, noJiyane akasebenzi wona amatshe, usebenza imali, kusho uKaMaseko esenyiphile, kubonakala ukuthi ukwenyanya ngempela ukugibela amabhasi. Lapho wafa yinsini uDombi, waze wakhipha ulimi futhi, yeka!

Nempela ize ifike ibhasi engagcwele. Ime. Bathe bephambana nezintuli zayo bephangelana kuyo abantu begibela, wayeqhelela laphaya uKaMaseko, ethintitha izintuli, esebeke iduku emlonyeni nasemakhaleni. Emuva kwesikhashana, yadonsa.

Usesele yedwa uKaMaseko, uDombi naye ugibele. Abelokhu emisa izimoto zingemi, kuphela zimthela ngothuli lukathengeyakho. Sekubheke ehoreni leshumi nambili, ize ime enye emdaka. Isho ngamawindi amnyama. Kukhona izinsizwa ezimbili kule moto. Zisho zithwele amakepisi. Engumshayeli ifake elibomvu, enye ishaye elimnyama. Kuyabonakala nje ukuthi abajitha ngempela laba.

7.1.1 Wayegqokeni uKaMaseko ngalolu suku? (1)

7.1.2 Ngokwalesi siqeshana yikuphi okungacasula uJiyane? (2)

7.1.3 Qondanisa IKHOLOMU A no B:

| IKHOLOMU A | IKHOLOMU B |
|---|---|
| (i) uDombi | A udayisa uphethiloli. |
| (ii) uNtokozo | B umngani kaKaMaseko. |
| (iii) uBra Bizza | C walimala ekhanda. |
| (iv) uKaMaseko | D umkhwenyana |

(4 x 1) (4)

7.1.4 Khetha impendulo efanele kulezi ezilandelayo. Amagama abhalwe ngokugqamile kulo musho olandelayo achaza ukuthini:

Abelokhu emisa izimoto zingemi, kuphela **zimthela ngothuli lukathengeyakho**:

A Zimbuze ukuthi uyaphi.
B Zimshiye zingamthathi.
C Zimshayele amalambu.
D Zikhombise ukugcwala. (1)

7.1.5 Sifundo sini esifundwa abantu besifazane ngomlingiswa onguKaMaseko kule ndaba? Bhala amaphuzu AMABILI. (2)

7.1.6 Bhala amaphuzu AMABILI afakazela ukuthi umxoxi wale ndaba akayena omunye wabalingiswa. (2)

7.1.7 Ukuba wena wawungelinye lamaphoyisa wawungayimisa yini imoto eyayihamba uBra Sam noBra Joe? Sekela impendulo yakho. (2)

7.1.8 Uyazwelana yini noKaMaseko kule nkinga azithola ekuyona ngasesiphethweni sale ndaba? Sekela impendulo yakho ngamaphuzu AMATHATHU. (3)

**KANYE**

7.2 **'UMUNWE' – Sicelo Zimema**

Funda lesi siqeshana esingezansi bese uphendula imibuzo ezolandela:

**ISIQESHANA N**

Uyadlala. Ngeke aze aphunyuke lapha kimi. Kuzogcina mina. Akufanele ngimvumele enze lobu buqha bakhe. Angingamvumeli nakancane nje. Kuzogcina mina. Ngizobuqeda lobu buqhikiza bakhe mina. Ngiyabona, sengathi uthanda ukuba nekhanjana eliqinile. Ngizolithambisa-ke mina. Ngizomthambisa. Uma ngihluleka manje, ngizomcela. Ngizomkhipha ngiyodla naye isidlo esiphambili, endaweni ephambili laphaya kuChurch Street. Ngizoke ngimkhiphe nje. Mhlawumbe umzalwane nje lo? Iyangisolisa indlela akhuluma ngayo. Unaso isizotha nesimo sobuzalwane. Anginandaba namzalwane mina, ngizomqumba phansi mina. Angiyona into yokudlala mina. Bayangazi lapho ngisuka khona.
Hhayi, angingazikhohlisi kakhulu. Kungaba nzima uma engathi uma ngifuna yena angiye esontweni. Banjalo phela abazalwane. Konje yinto engingayithini nje leyo? Mina, ngiye esontweni? Ngiyicatshangiswa yini le nto ngoba akazange asho lutho nje yena? Phela ngabe iphelile yonke le nto ebengithi ngiyayiqala. Ngeke ilunge eyokuthi ngiye esontweni. Ngiye ngoba ngifuna ukuzuza umuntu? Lutho! Sengibona!
Yimi lowaya nebhantshi nothayi neBhayibheli, sengiya esontweni. Bangathini nje abantu engisondelene nabo? Cha, ngeke kulunge. Uma engase asho kanjalo, njengamanje, ngingavele ngihoxe kancane, kancane kodwa ngingamkhombisi ukuthi ngiyahoxa. Angazi ukuthi ngingaqhubeka ngikhulume ngithini uma engase asho into enjalo. Ngingathini nje?

7.2.1 Ngubani lona okhulumayo kulesi siqeshana? (1)

7.2.2 Bhala isizathu esenza ukuthi umxoxi athi le ntombazane iyasolisa ukuthi ingumzalwane? (1)

7.2.3 Kungani lo mlisa engenandaba nokubuza isibongo sentombi uma eyeshela? Bhala amaphuzu AMABILI. (2)

7.2.4 Chaza kafishane indawo yokudlela ababehleli kuyona umxoxi wale ndaba noZodwa ngesikhathi bexoxa. (2)

7.2.5 Tomula umusho okulesi siqeshana ositshela ukuthi kungambangela amahloni lo mlisa ukuya esontweni. (2)

7.2.6 Chaza isizinda sale ndaba ngokwesikhathi. Sekela ngephuzu ELILODWA. (2)

7.2.7 Hlobo luni lodweshu olutholakala kulesi siqeshana? Sekela impendulo yakho. (2)

7.2.8 Ithini indikimba yale ndaba? Sekela impendulo yakho. (2)

7.2.9 Izenzo zomlingiswa ongumxoxi wale ndaba zimveza njengomlingiswa onjani? Sekela impendulo yakho. (2)

7.2.10 Ngokucabanga kwakho yini okwakumele yenziwe yile nsizwa ukuze ibe ngumuntu ohloniphekile? Bhala amaphuzu AMABILI. (2)

**AMAMAKI ESIQEPHU C: 35**

## ISIQEPHU D: IZINKONDLO

***AMAHLOKOHLOKO/IZINKWAZI ZOTHUKELA* – EJ Mhlanga no JJ Thwala**

Kulesi siqephu uzophendula YOMIBILI imibuzo: UMBUZO 8.1 NOMBUZO 8.2

### UMBUZO 8

8.1 Funda inkondlo engezansi bese uphendula imibuzo ezolandela.

**UNOZIDUMO – LMMS Madondo**

Ngikubonile mntanomuntu uyiphaka,
Ngikubonile nkosazana uyididiyela
Ngikuzwile mntanomfazi uyiyalela
Ngikuzwile ngane yabantu uyikhakhabeza.

Uyiphake angakholwa nkosazana,
Uyisuse kwelakini koMelika
Wayisingisa kwelenkolo koSadamu,
Uyiphake yadl' amadoda mame,
Uyiphake kwasuka izidumo Nozidumo.

Uyiphathise omkhulu umyalezo,
Kashongo njalo okaBush!
Uyididiyele ntokazi yase-Afrika,
Wayijuba mame omnyama,
Kwagxabhazela izisu emadodeni.
Uyididiyele kwaphela izinseka
Zobumame obamumatha izinyanga,
Abantwana babantu abazocoboshiswa.

Uyiphakile Nozidumo wakithi,
Wanamathela kwabakhulu bakho,
Wayikhomba engahlehliyo,
Wayisingisa kuNtshebende
Iphume ekamabuya ze eyakho,
Wayisingisa koSadamu
Ngolaka nesankahlu seluxu,
Lokwahluleka kuNtshebende,
Wayikhomba ngolaka oluphindiwe,
Yadla mfazi yadla ndoda kuSadamu.

Izidumo ezingaka uzisusa ngaliphi?
Ulaka olungaka uluthathaphi?
Isibindi esingaka wasifuziswaphi?
Izindimbane ezilele kobandayo?
Ngelakho izwi Nozidumo elinonya.
Ngabe wunya lobugqila boyihlomkhulu?
Ngabe usebenzela usathane ozimpondompondo?
Babenzeni uma bezicijela imikhonto yabo?
Kakade igqquzelwa ubisi lwayo.

Akuvumelekile ukukopisha leli phepha

KWAZULU-NATAL
M5

8.1.1 Yiliphi igama elisesitanzeni soku-1 elisho ukuhlanganisa amabutho empi? (1)

8.1.2 Bhala imigqa EMIBILI enemvumelwano sigcino etholakala esitanzeni soku-1 bese udwebela amalunga akhomba ukuvumelana. (2)

8.1.3 Bhala igama elitholakala esitanzeni sesi-2 elisho owesifazane ongashadile. (1)

8.1.4 Tomula umugqa esitanzeni sesi-3 ositshela ukuthi ngumuntu omnyama lo ophaka impi. (1)

8.1.5 Fingqa ngephuzu ELILODWA okushiwo yimbongi ngokusobala esitanzeni sesi-4. (2)

8.1.6 Iqondeni imbongi ngala mazwi?

Wayikhomba ngolaka oluphindiwe. (2)

8.1.7 Kunamthelela muni ukusebenzisa uphawu lokubuza emgqeni wama-28 nowama-29? (2)

8.1.8 Lo muntu imbongi ekhuluma ngaye kule nkondlo akanalo uzwelo. Sekela lesi sitatimende ngamaphuzu AMABILI. (2)

8.1.9 Ungabeluleka kanjani abaholi abasaxazulula izinkinga zabo ngempi? Bhala amaphuzu AMATHATHU. (3)

8.1.10 Ngokucabanga kwakho abazali bengane bayaba yini nomthelela ekuziphatheni kwayo uma isikhulile njengoba imbongi isho kuNozidumo kulo mugqa: **Isibindi esingaka wasifundiswaphi**? Sekela impendulo yakho. (2)

8.2 Funda inkondlo engezansi bese uphendula imibuzo ezolandela:

**NGINGOWELIBA – NL Luthuli**

Umzimba wam' uhlukene nomphefumulo.
Umzimb' ubuyele kwamhlab'emhlabathini
La owadabuka khona.
Umphefumulo awusenasabelo kwamhlaba.
Umzimba kuphel' onesabelo,
Ngob' ungoweliba

Nendodana kaSomandla
Yaba ngeyeliba.
NgoLwesithathu yalinqob'iliba.
Yavuka kwabafileyo.
Pho mina bengingahlala kanjani
Ngingabi ngoweliba na?

Um' indodana yomunt'ingakabuyi,
Ngiyoba ngoweliba njalo.

Ngiyazi bayokhala balile,
Bathi balahlekelwe,
Bayosho baze bafakazelane
Nget'eyodwa:
Bathi baf'olwembiza ngokuhamba kwami.
Keph'engikwaziyo kunye,
Mina nabo singabeliba.

8.2.1 Imbongi ichaza ukuthini uma ithi umzimba wayo uhlukene nomphefumulo? (1)

8.2.2 Tomula imigqa enezibonelo zalokhu okungezansi esitanzeni soku-1 bese udwebela imisindo/amagama afanele.

(a) Ukuxhumana (2)
(b) Imvumelwano siqalo (2)

8.2.3 Ngubani le ndoda yomuntu okukhulunywa ngayo kule nkondlo? (1)

8.2.4 Chaza okushiwo yimbongi ngomugqa wesi-4 othi, 'Umphefumulo awusenasabelo kwamhlaba'. (2)

8.2.5 Yini eyokwenziwa abantu abayobe beze emngcwabeni wembongi? Bhala amaphuzu AMABILI. (2)

8.2.6 Bhala incazelo yesisho esitholakala kulo mugqa olandelayo njengoba sisetshenzisiwe enkondlweni:

'Bathi **baf'olwembiza**' (2)

8.2.7 Khetha impendulo efanele kwezilandelayo:

Igama elithi iliba lisho …

A isililo.
B ingcwaba.
C indawo.
D umzimba. (1)

8.2.8 Imbongi yayikusiphi isimo ngesikhathi ibhala le nkondlo? Sekela impendulo yakho ngephuzu ELILODWA. (2)

8.2.9 Imbongi ihlalele ethembeni lokuthi nayo iyovuka kwabafileyo ngelinye ilanga. Uyavumelana yini nalokhu imbongi ekholelwa kukho? Sekela impendulo yakho ngephuzu ELILODWA. (2)

**AMAMAKI ESIQEPHU D: 35**
**AMAMAKI ESEWONKE: 70**

Akuvumelekile ukukopisha leli phepha